# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wePhentekoste, ngomhla ka 27. 05. 2012 29/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 181 /181

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, siyabonga ngazo zonke izipho zomusa osenzela zona. Sibonga kakhulu uMoya oyiNgcwele osithululele Yena ukuba asihole ngazo zonke izikhathi. Ngokuba akukho esingazenzela khona ngokwethu, uma singaholwa nguMoya, okunguYena osihola ekulazini iqiniso. Siyalibonga lelithuba osiphe lona lokuhlangana lapha sidumise Wena Nkulunkulu Mninimandlaonke. Qinisa, Nkosi, ukukholwa osiphe khona ngomusa wakho ongapheliyo. Siphe amandla okuthobela iZwi lakho ngokuba lona lingukuphila. Nkulunkulu, asiphezi nokubonga imisebenzi yakho osenzela yona, unguNkulunkulu uMthathwemunye. Siyacela ukuba uthethelele izono zethu esizaziyo nesingazaziyo ngaye uJesu Khristu, iNkosi yethu. IZwi lakho malihlale phakathi kwethu kuze kube phakade. Ameni.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izEnzo 2:1-18;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 14:23-27

4.Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5.Iculo 162 / 10

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 2:12-16, lithi: “Kepha thina asamukelanga umoya wezwe kodwa uMoya ovela kuNkulunkulu, ukuze sikwazi esikuphiwe nguNkulunkulu ngomusa, esikhuluma ngakho futhi, kungengamazwi afundiswa ngukuhlakanipha kwabantu kodwa afundiswa nguMoya, sichaza okoMoya ngokoMoya. Umuntu wemvelo kakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu, ngokuba kungubuwula kuye; angekuqonde, ngokuba kubonisiswa ngokoMoya. Kepha ongowoMoya ubonisisa konke, kodwa yena kabonisiwa-muntu. Ngokuba ngubani owake wazi umqondo weNkosi ukuba angaze ayifundise na? Kepha thina sinomqondo kaKristu.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla likaKhristu, siyazi ukuthi miningi imimoya ekhona ezweni emelene neZwi likaNkulunkulu. Lemimoya iphume ivela ezweni, ingeyezwe futhi iphumele ukudukisa thina esingabantwana bakaNkulunkulu. Umoya wezwe yilowo ongukucabanga kwabantu, ongukuqonda kwabantu, futhi okungukuhlakanipha kwabantu okuphikisana nentando kaNkulunkulu. Umuntu osabambelele ezintweni zezwe eziphikisana nentando kaBaba wethu, kulula ukuba aqonde izinto zalo mhlaba, futhi azibone zingukuphila, kanti ushaye phansi kwashunq’ uthuli.

Impela bazalwene, sidinga ukuzalwa kabusha ngeZwi nangamanzi ombhaphathiso, ukuze sikwazi ukuqonda nokwenza lokho okuyintando kaBaba wethu osezulwini. Masingazishayi isifuba ngokwazi izinto zezwe, kodwa ngokwamukela uMoya ovela kuNkulunkulu, ngoba uma kungenjalo, konke kuyophenduka ize leze. Izwe lizibona zingubuwula obungachazeki izinto eziqondene neZwi likaNkulunkulu. Njalo uma kukhulunywa ngemisebenzi yamandla kaMniniwezintozonke, kuyaye kuvele imibuzo nokungabaza ukuthi ngabe lokhu kwenzeka kanjani. Lemibuzo ivela ngoba

ngokuqonda kwezwe nangokuhlakanipha kwabantu kunezinto okuthiwa ngeke zenzeka njengakho ukuthululwa kukaMoya oyiNgcwele. Asikhumbule ukuthi lokho okungenakwenzeka kubantu kuyenzeka kuNkulunkulu. Ngakho-ke, abakholwa nguNkulunkulu abasacabangi ngokucabanga kwezwe ngoba sebemukele uMoya ovela kuye. Yingakho sikholwa ngukuthi uMoya usenza sikhulume futhi sidumise iNkosi yethu uJesu Khristu singenakungabaza ngokukholwa kwethu. Ukuhlakanipha kwezwe kusifundisa izinto zezwe, kepha uMoya usifundisa okukaNkulunkulu. Ukwazi izipho esiziphiwe nguNkulunkulu ngomusa wakhe kusho ukuthi sibambe iqhaza emsebenzini weNkosi ngale kokulindela umvuzo ngalokho, ngoba sisindiswa ngomusa, hhayi ngemisebenzi, yize imisebenzi emihle, iyizithelo zokukholwa. Kanjalo naye uMoya simamukeliswa ngesihle ngokwesihe sikaNkulunkulu. Yingakho-ke kufanele sikholwe ngokungananazi ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu ngokupheleleyo.

Izindaba zensindiso asizambulelwa ngokuhlakanipha nokuqonda kwezwe, kodwa ngoMoya kaNkulunkulu. Izwe lizibona luvindi izindaba zikaNkulunkulu, kepha thina sicaciselwe kwathi bha, ngoba sinomqondo munye noKhristu. UBaba wethu othandekayo akasigodlelanga lutho, njengoba singabantwana bakhe. Ngakho-ke, masikuqonde ukuthi umoya wezwe ugcwele ubugwala, ukwehluleka nokudukisa, kepha umoya ovela kuNkulunkulu impela ungukunqoba. Umoya usipha amandla amangalisayo ukuze sikwazi ukukuhlolisisa konke ukuthi yikuphi okuyintando kaNkulunkulu. Phela, asisahambi ngokwenyama yemvelo, kepha ngokukhanyiselwa nguMoya oyiNgcwele ukuze impela sihambe ngokukholwa.

Bazalwane abathandekayo, siyazi ukuthi ezweni esihleli kulo kunezinto eziningi ezifuna ukusehlukanisa noNkulunkulu. Ngakho-ke, kufanele impela ukuba sime sigxilile, futhi sibambelele emandleni nasemuseni weNkosi yethu ukuze sikwazi ukumelana nayo yonke imfundiso yalelizwe. Sifanele ukumnxusa njalo uBaba wethu ukuba asiphe ukuqonda lokho okusifundisa okuhle besesideda kukho konke okubi. Siyabona ukuthi esikhathini samanje sekunesilingo sokuthi sifune ukufundisa iNkosi uNkulunkulu ngezimbangela nangezizathu zezinto ezenzeka lapha emhlabeni, bese silibala ukuthi nguYena odale konke lokhu, futhi kusentendeni yesandla sakhe. Kanjalo nathi asiziphileli ngamandla ethu, kodwa ngesihe sikaNkulunkulu uMthathwemunye.

Sifanele ukukhumbula impela ukuthi singcweliswa ngoMoya oNgcwele. Ngakho-ke masikwamukele ukuthi nguYena futhi osiholela ekulazini iqiniso maqondana neZwi likaNkulunkulu. Singeziqonde izindaba zikaNkulunkulu, uma singazicaciselwa nguMoya oNgcwele. Nguye impela uMoya osibizele ekukholweni, kanjalo nasemsebenzini wobuthunywa, ukuze kushunyayelwe iVangeli emhlabeni wonke. Ngakho-ke, kuyakhanya bha ukuthi uMoya amamukelisiwe amaKhristu nguMoya osisizayo, ukuze sikwazi ukubhekana nazo zonke izinselelo ezivela ezweni. INkosi yethu uJesu Khristu ilinqobile izwe, kanjalo-ke nathi siphiwe lokho kunqoba ngenxa kaKhristu. Impela akudingeki ukuthi sifune usizo kweminye imimoya okungeyezwe, ngokuba sinaye uMoya uBaba wethu amethululele ebandleni lakhe. Masicele kuBaba wethu ukuba asihole njalo enguNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oyiNgcwele, ukuze sihlale sivikelekile ngaphansi kwamaphiko akhe, singedukiswa yimimoya ehhusha ezweni. Ameni.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Khristu, siyakucela ukuba usihole ngokuba wena unguMsindisi wethu esiphephela kuye. Siphe amandla okukholwa nguwe, kuze kufike umzuzu wokumuka kwethu

kulomhlaba. Nkosi Jesu, sikhulekela ukuthula emhlabeni wonke. Busisa ngomusa wakho imindeni yethu nezwe lakithi. Sinxusa ukuba ubusise futhi nokushunyayelwa kweZwi lakho emazweni onke, ukuze umhlaba wonke ukholwe nguwe. Sivikele, Nkosi, ezingozini zonke esizibonayo, nalezo esingaziboniyo, nakukho konke okubi okufuna ukusehlukanisa nawe. Siphe, Nkosi yethu enesihe, isinkwa semihla ngemihla ngokwezidingo zethu. Konke lokhu sikucela egameni leNkosi yethu uJesu Khristu. Ameni. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 247 / 180

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-S. E. Sithole
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.